IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UDaniyeli kanye Nephupho Eliyimfihlakalo



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Jonathan Hay; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Mary-Anne S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Inkosi uNebukadinesari yaba nephupho, futhi leli phupho lamkhathaza kakhulu. Ngamandla kaNkulunkulu, uDaniyeli wakwazi ukuchazela inkosi incazelo yephupho layo.



Into yokuqala
uDaniyeli ayenza
kwaba ukulichaza
kahle iphupho.
“Wabona umfanekiso
omkhulu wesithombe
esikhulu, ONkosi.”
Ifomu laso ibabazeka.

“Ikhanda lesifanekiso lalenziwe ngegolide,” kuqhubeka uDaniel.



“Isifuba nezingalo zayo zazenziwe ngesiliva.”



“Isisu namathanga kwakhiwe ngethusi.”



“Imilenze yaso zaziyinsimbi, izinyawo zaso ingxenye yensimbi, ingxenye yobumba.”



Ngemva kokuchaza umfanekiso enkosini, uDaniyeli wayitshela lonke iphupho.

“Wabuka lapho kuqheshulwa
itshe kungengazandla,”
UDaniyeli watshela inkosi.



“Itshe lashaya
isithombe ezinyaweni
zaso zensimbi nobumba,
laziphahlaza.”



“Umfanekiso wabe usugaywa
waba wuthuli waphephuka.”
Wama kancane uDaniel.
“Itshe lakhula laba yintaba
enkulu eyagcwalisa umhlaba.”



Inkosi yamangala. Yilokho kanye ayekuphuphile! UDaniyeli wayezokwazi kanjani lokho? Kuphela ngoba uNkulunkulu watshela uDaniyeli. Khona-ke uDaniyeli waqala ukutshela iNkosi uNebukadinesari ukuthi lalisho ukuthini iphupho.



“UNkulunkulu wezulu ukunikile umbuso, namandla, nenkazimulo,” kusho uDaniyeli enkosini.

“Wena uyilelo khanda legolide.”

UDaniyeli watshela inkosi ukuthi umbuso wayo wegolide wawuzophela. Ingxenye yesiliva yesithombe yayisho ukuthi umbuso obuthakathaka wawuyothatha indawo yawo. Ithusi lalisho omunye futhi umbuso. Insimbi nobumba kwakumelela umbuso wesine.



UMBUSO 1

UMBUSO 2

UMBUSO 3

UMBUSO 4

Into yokugcina uDaniyeli ayitshela inkosi kwakuyilokhu. “UNkulunkulu wezulu uyomisa umbuso ongasoze wachithwa.”



Inkosi yaqaphela ukuthi uNkulunkulu kuphela owayenganikeza uDaniyeli ukuhlakanipha kokwazi nokuqonda iphupho lakhe. UNebukadinesari wavuza uDaniyeli ngengcebo futhi wamenza indoda ebaluleke kakhulu embusweni.



Imibuso wokuqala, owesibili,
no-wasithathu iye yafika yadlula. Umbuso kaNkulunkulu uza emva kombuso wesine.

Umesiya uyobusa emhlabeni.
Futhi lokho kungase kube maduze!

UDaniyeli kanye Nephupho Eliyimfihlakalo

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Daniyeli 2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16